IBhayibheli LaBantwana

Likulethela



UNowa
Nozamcolo
Wamanzi

Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus; Alastair Paterson
Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Tammy S.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UNowa wayeyindoda emukhonzayo uNkulunkulu. Bonke abanye abantu babemuzonda futhi bengamufuni uNkulunkulu.



Ngelinye ilanga, uNkulunkulu
washo into esabisayo.
“Ngizakubhubhisa lomhlaba
owonakele,” UNkulunkulu
esho kuNowa. “Uwe nomndeni
wakho kuphela abayosinda.”



UNkulunkulu waxwayisa uNowa ukuthi kuzoba nozamcola wamanzi ozagcwala umhlaba wonke. "Akha umkhumbi ngemithi, wenze umkhumbi omkhulu ozanela wena, umndeni wakho kanye nezilwane eziningi." Unkulunkulu wayala uNowa. UNowa wenza njengoba etsheliwe.



Mhlampe abantu babemuhleka uNowa ngenkathi ebachazela ukuthi uwakhelani umkhumbi.

UNowa waqhubeka nokwakha. Futhi waqhubeka ukutshela abantu ngoJehova. Akekho owalalela.

UNowa wayemuthemba
kakhulu uNkulunkulu.
Wayemukholwa
uNkulunkulu yize
kungakaze kunethe.
Maduze umkhumbi
wawusukulungele
ukulayishwa.

Zafika izilwane. UNkulunkulu waletha eziyisikhombisa kwezinye izinhlobo, waletha ezimbili kwezinye izinhlobo. Izinyoni ezinkulu kanye nezincane, Izilwane ezincane Kanye nezinde zangena emkhunjini.

Mhlampe abantu babemumemeza bemudelela uNowa ngenkathi elayisha izilwane. Abazange besiyeke isono. Abazange bacele ukungena emukhunjini.



Ekugcineni,
zonke izilwane
nezinyoni
zasezingaphakathi.
"Ngena emkhunjini,"
kusho uNkulunkulu. "Ngena
nomndeni wakho."


UNowa, umkakhe, kanye namadodana akhe amathathu kanye namakhosikazi awo bangena emkhunjini. Bese uNkulunkulu wawuvala umnyango!



Yafika imvula. Lanetha ngamandla emhlabeni, lana emhlabeni izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane.

Lanetha
phezu
kwamadolobha
kanye nezakhamizi.
Kwathi mhla liyeka ukuna,
ngisho nezintaba zazigqitshwe amanzi.
Konke okunomphefumulo womoya
wokuphila emakhaleni kwafa.



Amanzi akhula, anda kakhulu emhlabeni, umkhumbi wahamba ebusweni bamanzi. Ngase kube kwakumnyama ngaphakathi emkhunjini, mhlampe kwakugudluzela, mhlampe kwakusabeka. Kodwa umkhumbi wabavikela oNowa.



Emuva kwezinyanga ezinhlanu emva kozamcolo wamanzi, uNkulunkulu wadlulisa umoya phezu komhlaba. Amanzi ehla.



Umkhumbi wema ezintabeni zase-Ararati. UNowa wahlala phakathi ezinye izinsuku eziyamashumi amane ngenkathi amanzi encipha.

uNowa wavula ifasitele lomkhumbi, wathumela igwababa kanye nejuba.



Kepha ijuba lalingayitholi indawo yokuphumula ngenxa yamanzi ayesakhona emhlabeni. Labuyela kuNowa. Wabuye wahlala izinsuku eziyisikhombisa; waphinda walithuma ijuba. Ijuba labuya liphethe iqabunga lomnqumo ngomlomo.



Wabuye wahlala izinsuku
eziyisikhombisa;
walithuma ijuba;
alabanga lisabuya.
wayesazi ukuthi amanzi
asephelile emhlabeni
uNowa.

UNkulunkulu watshela uNowa ukuthi sekwiyisikhathi sokuphuma emkhunjini. Bonke, uNowa nomndeni wakhe bakhulula izilwane.

UNowa wamubonga kakhulu
uNkulunkulu! Wamakhela
i-altare wamukhonza
emubonga uNkulunkulu
owasindisa yena

nomndeni wakhe
kuzamcolo wamanzi
omubi kanje.



UNkulunkulu
wasenika uNowa
isithembiso
esihle kakhulu.
Akusayokubhujiswa
muntu ngamanzi
kazamcolo,

angeke kusafika
zamcolo ukube
ubhubhise umhlaba.



UNkulunkulu wanika uNowa isikhumbuzo sesithembiso sakhe.



Uthingo lwaba uphawu lwesithembiso sikaNkulunkulu.

UNkulunkulu
wabusisa uNowa
kanye nomndeni wakhe emva
kwesicolo. Ngokuhamba
kwesikhathi, izizukulwane
zakhe zazala, zanda,
zagcwalisa
umhlaba.



UNowa Nozamcolo Wamanzi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Isahluko 6-10

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16